


## UNGQONGQOSHE UQOKE IBHODI ELISHA LESIMANGALISO



**INKOSI M. TEMBE**

**USIHLALO WEBHODI**



**Nksz T. SOSIBO**

**USEKELA SIHLALO WEBHODI**



**Mnu. G. Nair**

**ILUNGU LEBHODI**



**SOLWAZI P. SMALL**

**ILUNGU LEBHODI**



**Mnu. B MHLONGO**

**ILUNGU LEBHODI**



**Mnu. B. NGOBENI**

**ILUNGU LEBHODI**



**Nksz S. NGCOBO**

**ILUNGU LEBHODI**



**Nksz N. MLAMBO**

**ILUNGU LEBHODI**



**Mnu. S. NKOSI**

**OMELE ABANAMASHEKE**

iSimangaliso Wetland Park Authority samukela ubuholi obusha obuqokwe uNgqongqoshe wezaMahlathi, Ukudoba kanye neMvelo uMiss Barbara Creecy. Ubuholi obusha buzosebenza iminyaka emithathu kusuka ngoNhlolanja ka-2023.

Ukwamukelwa kwalobu buholi kwenziwe emhlanganweni obubanjelwe eThekwini ngomhlaka-20 kuNhlolanja 2023, uNgqongqoshe uCreecy waveza ukuthi ibhodi elisha aliqokile kumele libuke okuwumbono wesikhathi eside wePaki kanye nokusimama kwezezimali nokunye okuyamene nalokho, inqubekela phambili yokusebenzisa isu lokuhweba, ukuthuthukiswa nokulungiswa kwezingqalasizinda, uzinzo, ukuqedelwa kobunikazi bezindawo, isu lokuhlomulisa umphakathi nokunye okuningi.

UNgqongqoshe uphinde wadlulisa amazwi okubonga kwibhodi laphambilini ngomsebenzi eliwenzile lokuqinisekisa ukuthi iSimangaliso siholwa kahle, sithola u-100% kwi-Annual Performance target ngenkathi kusaphethe lona, ukusungula izinhlelo ezinikeze amathuba omsebenzi angaphezu kwamakhulu amabili namashumi amane kosomabhizinisi abancane laphinde nadala amathuba omsebenzi alinganiselwa kwizinkulungwane ezintathu namakhulu ayisithupha namashumi ayisikhombisa nanhlanu.

Egcizelela kumazwi ashiwo uNgqongqoshe, umphathi weSimangaliso Wetland Park uMnu. Sibusiso Bukhosini uzwakalise ukubonga okukhulu waphinde wabonga isigungu sabaphathi abangaphansi kwakhe ngokusebenza ngobuchwepheshа nokukhiqiza umsebenzi omuhle bebambisene nebhodi eliphumayo okwenze iSimangaliso sathola imiklomelo yokuba ngabahamba phambili kwezokongiwa kwemvelo kanye nezokuvakasha umhlaba wonke, futhi inhlangano ithatha igxathu ekuhlomuliseni imiphakathi eyakhelene nePaki.

Usihlalo omusha webhodi oke waba usekela-sihlalo kwibhodi elidala, iNkosi Mabhudu Tembe uwabongile amazwi enkuthazo abawatholile wase ebonga uNgqongqoshe ngokumqoka ukuba abe usihlalo omusha webhodi wase ezibophezela ukuthi ibhodi lizoqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla ukufezekisa izinhloso zenhlangano. Uphinde washayela uNgqongqoshe ihlombe ngokwenza

ubulungiswa bokuqoka abantu abanamakhono ahlukahlukene azosiza inhlangano ukuthi ikhone ukubhekana nezinkinga ezizolokhu zivela ukuhamba kwesikhathi.

Okuwumbono weSimangaliso Wetland Park Authority ukuba indawo elondoloza amagugu asezingeni lomhlaba lapho ukuvikelwa kwemvelo, ezokuvaka zihlomulisa abantu. Lokhu kuhambisana nokumele kwenziwe okuwukuvikela, ukulondoloza kanye nokuthulwa kwamagugu omhlaba esizukulwaneni samanje nesilandelayo kube kuhlomula umphakathi owakhelene nePaki ngokuthuthukisa ezokuvakasha kanye nenye entuthuko eyamene naleyo.

**-Iyaphela-**

**Isitatimende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority**

**Abezindaba bengaxhumana no:**

Mr Bheki Manzini

Call/Whatsap: 060 533 2082

Email: bhekimanzini@isimangaliso.com